basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2012

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi angama-21.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

1. Fundisisa yonke imibuzo. Funda uhlu lokuqukethwe bese ukhetha imibhalo oyifundile.

2. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Izinkondlo (30)
   ISIQEPHU B: Amanoveli (25)
   ISIQEPHU C: Imidlalo (25)

3. Phendula imibuzo EMIHLANU. Funda uhlu lokuqukethwe ekhasini LESITHATHU ukuze ubone ukuthi imibuzo iphendulwa kanjani.

4. Izimpendulo zemibuzo emide ESIQESHINI A maziphendulwe ngamagama angama-190 kuya kwangama-240.

5. Izimpendulo zemibuzo emide ESIQESHINI B no C maziphendulwe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

6. Izimpendulo zemibuzo emifushane, amamaki anikeziwe emibuzweni ayakwelekelela ukuthi kumele uphendule kangakanani.

7. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

8. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

10. Indlela yokusebenzisa isikhathi:

    ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40.
    ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55.
    ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55.

OKUQUKETHWE

Phendula imibuzo EMIHLANU enamamaki angama-80 njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

AMAHLOKOHLOKO (EJ Mhlanga, JJ Thwala)
IZINKWAZI ZOTHUKELA (LPM Makhanya)

Kulezi zinkondlo ezine ezibuziwe, phendula noma ngabe yiziphi izinkondlo **EZIMBILI**.

Uphoqelekile ukuphendula inkondlo **ENGAMISELWE**. Phendula **UMBUZO 5** noma **UMBUZO 6**.

INOMBOLO YOMBUZO	UMBUZO	AMAMAKI	INOMBOLO YEKHASI
1. Mkhongi Wosizi	Umbuzo omude	10	5
	NOMA		
2. Noma Sekunje	Umbuzo omfushane	10	6
	NOMA		
3. Wawungazi	Umbuzo omfushane	10	7
	NOMA		
4. Juba lami	Umbuzo omfushane	10	8
	KANYE		
Nenkondlo engamiselwe: Phendula noma imuphi umbuzo OWODWA.			
5. Laf 'Elihle Kakhulu	Umbuzo omude	10	9
	NOMA		
6. Laf 'Elihle Kakhulu	Umbuzo omfushane	10	10
ISIQEPHU B: AMANOVELI			
Phendula umbuzo OWODWA.			
7. *Bengithi Lizokuna*	Umbuzo omude	25	11
	NOMA		
8. *Bengithi Lizokuna*	Umbuzo omfushane	25	11
	NOMA		
9. *Usumenyezelwe-ke Umcebo*	Umbuzo omude	25	12
	NOMA		
10. *Usumenyezelwe-ke Umcebo*	Umbuzo omfushane	25	13
	NOMA		
11. *Kunjalo-ke*	Umbuzo omude	25	14
	NOMA		
12. *Kunjalo-ke*	Umbuzo omfushane	25	15

ISIQEPHU C: IMIDLALO Phendula umbuzo OWODWA.			
13. *Kudela Owaziyo*	Umbuzo omude	25	17
NOMA			
14. *Kudela Owaziyo*	Umbuzo omfushane	25	17
NOMA			
15. *Awuwelwa UMngeni*	Umbuzo omude	25	19
NOMA			
16. *Awuwelwa UMngeni*	Umbuzo omfushane	25	19

QAPHELA: Kumele uphendule umbuzo OWODWA omude kanye nombuzo OWODWA omfushane esiqeshini B nasesiqeshini C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omude esiqeshini C, kanjalo futhi uma ukhetha umbuzo omude esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omfushane esiqeshini C.

IZIMPENDULO ZAKHO MAZIME NGALOLU HLOBO

Umbuzo 1– 4 Khetha noma iziphi izinkondlo EZIMBILI.
Umbuzo 5–6 Khetha OWODWA umbuzo.
Umbuzo 7–12 Khetha OWODWA (omude noma omfushane) kuleyo noveli oyifundile.
Umbuzo 13–16 Khetha OWODWA (omude noma omfushane) kulowo mdlalo owufundile.

Uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo.

Abahlolwayo emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha mabasebenzise leli thebula elilandelayo ukuze babe nesiqiniseko sokuthi bayikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke ukuba bayiphendule.

ISIQEPHU	INOMBOLO YEMIBUZO	INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE	THIKHA
A: Izinkondlo (Ezimiselwe)	1–4	2	
A: Izinkondlo (Engamiselwe)	5–6	1	
B: Inoveli (Omude NOMA Omfushane)	7–12	1	
C: Umdlalo (Omude NOMA Omfushane)	13–16	1	

QAPHELA: Esiqeshini B no C phendula umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena EMINE ebuziwe elandelayo.

UMBUZO 1: (**UMBUZO OMUDE**)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

Mkhongi Wosizi – SA Mpungose

Mkhongi wosizi uluhlupho,
Ungumkhongi wezinyembezi zegazi,
Usifice sizihlalele, wacunulwa uhleko lwethu,
Wafuth'izihlathi wadunga injabulo yethu,
Awunasihe, awunanhlonipho,
Unonya nje kuphela.

Kuqhilika izihlathi nxa ubona izinyembezi zigobhoza,
Mkhongi wosizi unenhliziyo kasathane,
Uwena okhongela usizi nxashana ludinga ubuhlobo,
Lukhwele luzehlele esidalweni sikaThixo,
Mkhongi wosizi,
Sithi maluju sekuzwakele.

Usibethe macala onke,
Sale sewehlisa ulaka,
Uzehlulile izehluleki nezazi,
Baningi asebekhonjwa ngamaqupha.
Imisebenzi yakho mibi, ingcolile ayibukeki.

Ubahlwayele abafelokazi bagcwala izwe,
Zasala nezintandane zincela izithupha,
Agedla amazinyo kubafelwa,
Ubungeke kodwa usagubha unembeza wakho,
Mhlawumbe usekhona, usethule lo mqhele wosizi,
Uselaphe lemici yamalimi osishiye nawo.

Usibophe le migodi yamanxeba osishiye nayo,
Usesule leli gazi osipendapende ngalo,
Usesule lezi zinyembezi ezigcwel'ubuso,
Safa impi yakho engenamkhawulo,
Safa inhlamba yobuqola nezibhamu,
Sabuye saqedelwa nguwe impinda, mkhongi wosizi.
Ngculazi MKHONGI WOSIZI uyisilingo emhlabeni.

Chaza ukuthi isigqi siwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo. **[10]**

NOMA

UMBUZO 2: (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

Noma Sekunje – LF Mathenjwa

1 Ngibon'amakhand'ekhedamisile,
2 Ubuso bembethe usizi nokujabha,
3 Ukushabalala kwamathemba akubuzwa.
4 Imuva kalisabonwa,
5 Ikusasa liluvindi,
6 Kuzothiwan'uma kunje?

7 Amathemb'ayizolo ashabalele,
8 Izethembiso ziyagxotshwagxotshwa,
9 Isibindi simiswa ngelilodwa:
10 Qhubekani kuzolunga,
11 Umzabalazo awukapheli,
12 Silwela impilo engcono.

13 Njengobani olwa elambile?
14 Njengoban'odukuz'umnyama engaboni?
15 Likhethekile bala emasini,
16 Badansazile kwamakhelwane,
17 Basho ngelilodwa:
18 Qinan'isibindi sekuzolunga.

19 Ngabe ntombi usawakhumbula awakho?
20 Lon'usuku usalwazi na?
21 Kodwa ngingakulibala khona kanye?
22 Mhla sichwaza ngenhlokomo,
23 Inhliziy'ish'ukuphuma ngomlomo.
24 Phinde ngizophila noma sekunje.

2.1 Amagama asetshenziswe esitanzeni soku-1 aveza miphi imizwa yembongi? Sekela impendulo yakho. (2)

2.2 Ukuxhumana okusekuqaleni emgqeni we-13 kuya emgqeni we-14 kuwulolonga kanjani umqondo wenkondlo? (2)

2.3 Ngabe isimo sokukhuluma esisemgqeni we-15 esidwetshwele sichaza ukuthini ngokwale nkondlo? (2)

2.4 Imbongi ihloseni ngokusebenzisa uphawu lombuzo emgqeni we-19 kuya emgqeni wama-21? (2)

2.5 Phawula ngekhono lembongi ekusebenziseni impindamqondo ephikisanayo esemgqeni wesi-4 kuya emgqeni wesi-5. (2)
[10]

NOMA

UMBUZO 3: (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

Wawungazi – BP Dlamini

1 Yek'usazigqaja,
2 Uhamba laph'uthanda khona.
3 Utetemuk'uchiz'ukotshi.

4 Yek'ugqigqizel'ugqagqamuka,
5 Ugqamuka kuhle kwamalangabi,
6 Uhambela phezul'uzithwele,
7 Wadilika kuhle kobonda

8 Baph'owawungumshungu nabo?
9 Nibakhulu nakunoMdali,
10 Ngab'ukhon'ongangaye?

11 Namuhla ulothil'uluphele,
12 Uthithibel'okwenkukhu,
13 Uyothile wayetha,
14 Wathobel'umthetho.

15 Wawungaz'ukuthi koba nje,
16 Namuhla usothulini,
17 Ulothisiwe wathotshiswa.

18 Ufunde kanzima,
19 Wafunda ngokubona,
20 Yeka usagqagqamuka uzigqaja.

3.1 Nikeza isizathu sokuthi imbongi isebenzise umbuzombumbulu emgqeni wesi-8. (2)

3.2 Chaza kafushane ukuthi imbongi yayikusiphi isimo ngenkathi ibhala le nkondlo. (2)

3.3 Yimuphi umqondo oqukethwe izimo zokukhuluma ezidwetshelwe kule nkondlo? (2)

3.4 Chaza kafushane ukuthi impindamqondo esetshenziswe imbongi emgqeni we-11 kuya kowe-14 iwuthinta kanjani umqondo walesi sitanza. (2)

3.5 Wena wawuyophatheka kanjani uma amagama asemgqeni wama-20 ayebhekiswe kuwe? Sekela impendulo yakho. (2)
[10]

NOMA

UMBUZO 4: UMBUZO OMFUSHANE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

Juba Lami – JJ Thwala

Hlala entendeni yesami,
Ngikubukisise ngikudlalise,
Inhliziyo yami iyokwenama,
Yenamiswe ubuhl'obungaphuphi
Obuyohlala njalo ingunaphakade,
Kuze kulamul'uNokufa.

Lapho undiza ezinkalweni,
Ungakhohlwa intende yekhethelo,
Owadalelwa ukuhlala kuyona,
Nayo yadalelwa wena,

Iyilokhu eyikhona ngawe,
Uyilokhu oyikhona ngayo
Lapho undiza ezigangeni
Ukhangwa ubukhwebezana namahlala,
Ukhangwa amakhiwane namathunduluka,
Ukhangwa ngamajikijolo namanumbela,
Ukhangwa amabhelebhele namaphozi,
Uz'ungangilibali juba lami.

Kimina uluphawu lwempilo,
Kimina uyisizinda somusa,
Kimina uyizimpande zothando,
Kimina uyisisekelo sobunye,
Kimina uluphawu lokukhanya-
Hlal'entendeni yekhethelo!

Ndiza juba lami
Elingafaniswa nevukuthu indlamabele,
Elingafaniswa nomandukulu ivumakabili
Elingafaniswe nesakabuli unontandakubukwa-
Uyisipho sami sakwamhlaba.

Jubalala juba lami
Ngizishay' isifuba ngawe,
Nom'ukwelojolobela emihlangeni,
Nom'ukwelofukwe emihosheni,
Nom'ukwelamajubantendele emaweni,
Ungowami namuhla nangomuso.

4.1 Yimaphi amagama asetshenziswe imbongi esitanzeni sesi-4 akhombisa ukuthi imbongi iyamthanda lo muntu wayo? Nikeza amagama AMABILI. (2)

4.2 Chaza ukuthi imbongi izisebenzise kanjani lezi zinyoni, isakabuli nevukuthu ukuveza isimilo sale ntombi. (2)

4.3 Ngokucabanga kwakho kungani imbongi ibiza isithandwa sayo ngejuba layo? (2)

4.4 Ngabe isimo sokukhuluma emgqeni wama-24 uwuthinta kanjani umqondo wale nkondlo? (2)

4.5 Phawula usho ukuthi ukuxhumana okusekuqaleni okusemgqeni we-14 kuya kowe-17 kuwuthinta kanjani umqondo wale nkondlo? (2)
[10]

KANYE

UMBUZO 5: (UMBUZO OMUDE)

INKONDLO ENGAMISELWE (UPHOQELEKILE UKUPHENDULA LO MBUZO) Phendula umbuzo OWODWA kule elandelayo. Umbuzo wesi-5 (omude) noma umbuzo wesi-6 (omfushane).

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

Laf'Elihle Kakhulu – S Mpungose

1 Bashonaphi ochibidolo
2 Bezinkomo zobaba?
3 Bashonaphi obhisi bansondo?
4 Ababeklaba kube muncu kubafokazana.

5 Zashonaphi leziya zintombi
6 Ezazivuka kusempondozankomo
7 Zibhule amazolo
8 Zihaye ingoma?

9 Zashonaphi leziya zinsizwa
10 Ezazigiya ziqephuze kukikiz'omame
11 Emajadwini nasemigidini?

12 Laf'elihle kakhulu madoda!
13 Hhawu laf'elikaPhunga noMageba,
14 Izintombi zamanje sezagona izingane
15 Nazo zisezingane.

16 Izinsizwa zona sezaphenduk'
17 Ibhola lotshwala,
18 Amadod'amanj'asadla
19 Inhloko nezingane esibayeni.

20 Okungabafana bamanje
21 Sekwaphenduka imithambalala,
22 Kudlala insangu namaphilisi
23 Abasazi nokuthi kugiywa kanjani.

24 Angikholwa nokuthi izibongo banazo
25 Baz'ukusuk'emakhaya,
26 Bayohlal'emakhoneni emigwaqo
27 Balinde thin'esifundayo.

Chaza ukuthi ukukhethwa kwamagama kuwuthinta kanjani umoya wale nkondlo. **[10]**

NOMA

UMBUZO 6: UMBUZO OMFUSHANE

Phinda ufunde inkondlo esembuzweni wesi-5 ngenhla**,** 'Laf' Elihle Kakhulu', bese uphendula imibuzo elandelayo:

6.1 Nikeza incazelo yamagama angamabizoqoqa bese usho ukuthi anikeza muphi umqondo kule nkondlo. (2)

6.2 Chaza ukuthi uphawu lokuloba olusemgqeni we-12 liwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo. (2)

6.3 Ngokucabanga kwakho kungani imbongi ikhombisa ukukhathazeka kangaka ngezintombi kanye nezinsizwa zanamuhla? (2)

6.4 Ngabe imbongi iqondeni ngala magama adwetshwele emgqeni wama-22 kanye nomugqa wama-24? (2)

6.5 Imbongi iwukhombise kanjani umoya wokukhathazeka kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: AMANOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

UMBUZO 7: (**UMBUZO OMUDE)**

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Hlolisisa ukuthi umbhali wenoveli ethi, ***'BENGITHI LIZOKUNA'*** uyigqamise kanjani indikimba. Sekela ngokubhekisa ezingxenyeni ezithile zenoveli. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

UMBUZO 8: (**UMBUZO OMFUSHANE)**

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

Baqhubeka-ke nokudla, behlisa ingxoxo ngomculo omnandi owawudlala kule restoranti. Ngesikade babambana ngezandla futhi, bangena emotweni, baphindela efulethini likaMahlengi, kwaba yiso leso futhi sokuqabulana nokuxoxa ngokuningi okwakubahlekisa, kubadabukisa, kubajabulisa, kubenza bengaliboni newashi elase lihambile.
'Ngeke sthandwa, kufanele ngihambile,' ebuka iwashi ehwaqa, enikina ikhanda.
'Eyi, uqinisile, kuyasetshenzwa kusasa,' Bavalelisana kunzima, babambana, baqabulana, bethembisana lona uthando olungapheli, nokuhambisana ezinkingeni okwakufanele babhekane nazo. Wayiklwebha imoto uXolani yadabula idolobha elase lithule lingasaphithizeli, ibheke koDurban North emzini wakhe. Wayehamba ecula ejabule lapha emotweni, esanganiswe wuthando olusha olwase lumenza acabange izinto eziningi ayengakaze acabange ukuthi uyoke azenze empilweni. Njengakho ukudivosa nje. Yebo, kukhona okwakumtshela nje ukuthi usengamane alithethe kube kanye, uma engaqhubeka nokuzwa lolu thando aluzwa manje enhliziyweni ngenxa kaMahlengi, hhayi usengalithetha ligcwele, sekungaklebhuka kwancwajana yomshado leyo.
Wayesacabanga ngedivosi ngenkathi eyongena ngesango kwakhe. Ekuqaleni wacabanga ukuthi udukile, wafifiyela. Hhayi, kwakusemzini wakhe lapha. Pho lesi sixuku? Laba bantu bezicishamlilo? Wehla sekuxega amadolo.
'Kwenzenjani emzini wami?' ebuza ehlahla amehlo.
'Yithina okufanele ngabe sibuza wena?' kuhayiza umkakhe owayesingethwe yiphoyisa, lenza umzamo owawubukeka ungaphumeleli wokumduduza nokumthulisa.
'Kwenzenjani?' ebuza ediyazela.
'Uphumaphi? Izingane zize ziyafa awukho wena?' Ahayize kakhulu.
'Izingane zifile?' ebuza ngeliqhaqhazelayo.
'Yebo,' kusho iphoyisa eduze kwakhe, lidonsa umoya kakhulu.
'Bekwenzenjani?'
'Kakuqondakali okwamanje. Kusobala ukuthi kusuke umlilo ngaphakathi. Umnyango ubuhluthulelwe. Bahlulekile ukuphuma. Lwephuzile ukufika usizo.'

8.1 Nikeza umyalezo walesi siqeshana. (1)

8.2 Xoxa ngesisusa sodweshu phakathi kukaXolani nonkosikazi wakhe kulesi siqeshana. (2)

8.3 Yiziphi lezi zinkinga uXolani noMahlengi okwakufanele babhekane nazo? (2)

8.4 Chaza kafushane ngokwenziwa uNdumiso esefikile eGcilima ngaphambi kokuyobamba uNgidi inkunzi. (3)

8.5 Chaza ngobuhle nobubi obuthinta umlingiswa osemqoka ngokuguqula kwakhe ubulili kule noveli. (2)

8.6 Isimo sokukhuluma esidwetshelwe esiqeshini sihambisana kanjani nesimo uXolani akuso? (2)

8.7 Ucabanga ukuthi okwenzeka kuvuthondaba kwamphatha kanjani uNontobeko? Sekela impendulo yakho. (2)

8.8 Ngokucabanga kwakho yini inhloso yombhali yokusebenzisa amagama esiNgisi njengoba enjalo kule noveli? (2)

8.9 Isenzo sikaNgidi sokuyofuna uMhlengi engaxoxisananga noNomalanga simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

8.10 Chaza ingwijikhwebu eyenzeka phakathi kukaNontobeko noNkululeko. (2)

8.11 Ngabe kuyinto ekholekayo yini ukuthi uMhlengi ukushintsha kwakhe ubulili kwamenza angabe esabonakala ngempela? Sekela impendulo yakho. (2)

8.12 Ukube wawunguLungile, unkosikazi kaXolani ubhekene nalesi simo sokufelwa izingane ngobudedengu bomyeni wakho, wawuyokwenzenjani? Sekela impendulo yakho. (3)
[25]

NOMA

UMBUZO 9: (UMBUZO OMUDE)

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Hlolisisa ukuthi umbhali wenoveli ethi, *'Usumenyezelwe-ke Umcebo'* uyigqamise kanjani indikimba. Sekela ngokubhekisa ezingxenyeni ezithile zenoveli. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 10: (UMBUZO OMFUSHANE)

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ukungqongqoza kothile kwamphazamisa uMirriam. Wazi ukuthi kwase kuwukuqala kotalatiya. Wazitshela ukuthi wayezomxwayisa ngokuba asheshe ahambe zingakamnethi. Wathi akangene. Ngokuvuleka kwesivalo uChule ethi memfu emnyango wethuka, wamuzwa lo muntu emsinda. Wasukuma wambekela isitulo ngasemnyango, wayesehlala embhedeni embingelela.

'Mina ndodakazi ngiwu-The Very Reverend Bishop Nkosiyaphakade Ebernezer Sebastian Chule. Ngingowokudabuka lena enhla eDanawozi. Sengizinze eMlazi lapho ngihola khona ibandla eliNgcwele elaziwa ngokuthi wuKholo Lwezithunywa. Ngilapha nje ngihamba ngithungatha intokazi yakwaMazibuko ewuMirriam," emamatheka embuka. "Angazi noma uwena yini?'

'Yebo baba, yimina uMirriam.'

'Igama leNkosi malibongwe mntanami. Ameni. Bengingazi ukuthi ngingangena kulo muzi osudume ngokuphenduka isithando somlilo kwabalubhada kuwo. Malibongisiswe igama layo iNkosi iyinhle. E, okuyikhonakhona okungisuse phansi wukudabuka engibenakho ngokuzwa ukuthi inhlanhla obenayo ngokusindiswa osizini isikuthe dlwa kolunye utaku. Awusabuthi quthu ubuthongo wethuswa abantu ababambana mihla ngezihluthu befuna ukubulalana phambi kwakho. Konke lokhu kungamaqhinga kaSathane owaxoshwa ezulwini ngamacala, wehlela emhlabeni ukuzohlupha abantwana bakaNkulunkulu,' ekhuluma elokhu emthapha ngeso, noMirriam ethule embuka sengathi ubanjwe ugesi. Wayelokhu evuma kancane ethi, 'Yebo kunjalo Nkosi yami.'

'Yingakho nje mntanami uyihlo ethe engelutho akeze lapha azokubeka esiguqweni. Angazi noma uwumuntu oyithandayo nokholwayo yini yiNkosi yaphakade?'

'Usho yiphi-ke baba?' enamahlonyana.
'Ngisho yona impela mntanami,' ekhomba phezulu,' leyaya ephezulu.

Uyakholwa yiyona?' emthapha ngeso qede elibalekisa, limshaya uMirriam ekhophoza ebhucabhuca izandla, evuma ukuthi uyakholwa.

10.1 UChule wazichaza njengomholi waliphi ibandla? (1)

10.2 Chaza ngodweshu lwangaphakathi lukaMirriam esigabeni sokuqala kulesi siqeshana. (2)

10.3 Yini eyenziwa umlingiswa osemqoka eyayikhombisa ukuthi uyamesaba uChule? (2)

10.4 Nikeza izizathu ezazibangela ukuthi uMirriam azizwe esindwa uma ebona uChule. Nikeza kube KUBILI. (2)

10.5 UChule ubusebenzise kanjani ubuqili ukwendlalela indaba yakhe yokuzovakashela uMirriam? (3)

10.6 Chaza imbangela yomlingiswa onguGenyeza yokulwisa abantu ababeze kuMirriam. (2)

10.7 Yini inhloso yombhali yokuveza abaqashi bakaMirriam njengabantu abathembekile futhi nabalungile? (2)

10.8 Ngokucabanga kwakho kungani uMeyili engazange esaqhubeka nemizamo kaMaHadebe yokubulala uNomvula? (2)

10.9 Ngabe KUYIQINISO noma UMBONO ukuthi uGenyeza wabe emthanda ngokweqiniso uMirriam? Sekela impendulo yakho. (2)

10.10 Myalezo muni owedluliswa umbhali ngesenzo sikanogada wasegalaji lezimoto? (2)

10.11 Kwakufanele yini umlingiswa osemqoka enzele umndeni wakhe izinto ezinhle nakuba wawukhombisile ukuthi unomona ngemali yakhe? Sekela impendulo yakho. (2)

10.12 Ngabe umbhali uyiphethe ngempumelelo yini inoveli yakhe? Sekela impendulo yakho. (3)
[25]

NOMA

UMBUZO 11: (UMBUZO OMUDE)

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Hlolisisa ukuthi umbhali wenoveli ethi, '***Kunjalo-ke***' uyigqamise kanjani indikimba. Sekela ngokubhekisa ezingxenyeni ezithile zenoveli. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 12: (UMBUZO OMFUSHANE)

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

USithole walususa unyawokazi lwakhe olwalulokhu luthe nzi entanyeni kuMoloi. Wavuka-ke, wazithuntutha. Wazingcengela kuSithole ukuba bangabe besaqhubeka nalo mdlalo ngoba uyingozi. USithole waphuma waqonda emotweni yakhe phandle. Wayidumisa, kwasuka amaphepha.

UMoloi naye wanwabuluka waqonda kweyakhe imoto. Wafika wayivula, wangena, wahlala phansi. Indololwane yakhe yagqula phezu kwedolo, isihlathi sacamela entendeni yesandla wacabanga:

'Yaze yangiklinya inja! Kuzofanele ngivuke kusasa ngiyobonana nodokotela. Ngifuna ukuba angibheke lapha emqaleni. Umminzo angisawuzwa nje kahle ukusebenza kwawo.' Wathi uphakamisa amehlo uMoloi, wathola abantu sebethe ngu emotweni yakhe. Bathi bayambuza ukuthi kwenzenjani, kodwa wangathanda ukuphendula. Wakhuphula amawindi emoto wawavala ngci.

UDumazile waphuma endlini encane selidume ledlula. Abantu base begcwele igceke lonke. Wayesangene ukusangana lokhu. Wasondela kuLerato, wathi: 'Abalimazananga kodwa?' Lutho uLerato ukuphendula. Wayekhala mi izinyembezi, ezibhonqa phansi ebaleni. Kwaze kwasiza uMtholephi okunguyena owakwazi ukulandisa unina:

'Eyi bewungabona! Bewungathi yile nto esasivame ukuyibona kuTV. UDaddy bewungathi uSuperman! Usuke izithonto wahlala emqaleni kubaba kaSisi Lerato. Eyi ngibone esephenqa amehlo amhlophe, bengithi useyagqashuka! Libe selithayima ithayima lami, lamdedela.' UDumazile wazama ukuya kuMoloi emotweni, kodwa wathi ethi gagaga, wayisusa imoto uMoloi. Wabe esehamba ebuza kunoma ngubani nje ahlangana naye ukuthi kwenzenjani. Abantu bazizwa becasuka nje ukubona uDumazile ezenza isiphukuphuku sohlanya.
Wawuze uzwe banye abantu sebethi:

'Nx! Kudala sabona ukuthi lo mfazi uzoshayanisa amadoda! Elakobani nje isoka lomfazi?' Babe sebehlakazeka abantu beNkosi beshiya uDumazile nenkinga yakhe.

12.1 Kwenziwa yini ukuthi impi kaSithole noMoloi ibe nezibukeli eziningi? (2)

12.2 Kungani uMoloi ayefisa ukuyobona udokotela ngakusasa? (2)

12.3 Chaza isizinda sale noveli ubhekise endaweni yaseMafezini usho ukuthi iyindawo enjani. (2)

12.4 Chaza kafushane ngembangela yodweshu phakathi kukaSithole noMoloi. (2)

12.5 Yikuphi okwenziwa uMtholephi emva kokubona uSithole noMoloi belwa? (2)

12.6 Ngabe umbhali usisebenzise kahle yini isimo sokukhuluma esidwetshelwe?

Sekela ngokwenzeka endabeni.

UDumazile waphuma endlini encane selidume ladlula. (2)

12.7 Kwaba namphumela muni ukulwa kukaSithole kanye noMoloi emzini kaMtalaselwa Zuma? (2)

12.8 Kwakuyoba namthelela muni emshadweni kaDumazile ukuba wagcina eboshiwe ngenxa yamacala ayembandakanyeka kuwona. (2)

12.9 Ngokucabanga kwakho ukulwa kukaSithole noMoloi kwaba namthelela muni ebudlelwaneni bezingane zikaDumazile? (2)

12.10 Izenzo zomlingiswa osemqoka zimveza njengomuntu onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

12.11 UYAVUMELANA noma UYAPHIKISANA nokuthi isenzo sabazali bakaDumazile sibaveza njengabantu ababe nesifiso esihle ngoDumazile? Sekela impendulo yakho. (2)

12.12 Ngabe umbhali ulisebenzise ngokuyimpumelelo yini isu lokungenisa indaba yakhe? Sekela impendulo yakho. (3)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 25

ISIQEPHU C: IMIDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

UMBUZO 13: (UMBUZO OMUDE)

KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo

Humusha isakhiwo nokwenzeka emdlalweni othi '***Kudela Owaziyo***'. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 14: (UMBUZO OMFUSHANE)

KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ZENYEZILE:	Khona angizwanga kahle kodwa iSudan yona ingelinye lalawo mazwe abaliwe ...
BOBANE:	*(Kanye kanye bezwakalise ukudabuka.)* Hho! Nkulunkulu wami. Awu! Kodwa, usifulatheleleni na?
ZENYEZILE:	*(Umangele)* Nabalisa kangaka zihlobo zami? Ngabe konje lelo ngelinye yini lamazwe ahanjelwe ngubaba walapha ekhaya?
BOBANE:	*(Kanye kanye bedabukile.)* Nje.
MAMLANDULI:	*(Uyabalisa)* Wo hhe! Nkosi yami akugeji, ubaba wekhaya ubalwa kanye nalabo bantu abavelelwe yilowo mshophi wokugqibeka khathi kuzamazama umhlaba.
ZENYEZILE:	Masingaqali silahle ithemba ngoba amagama abafi abengakaqagulwa, kodwa-ke uma kuya ngoba ubaba wekhaya ebalelwa kulolo khumbintethe, sekuyofanele ngizwelane kakhulu nani ngiphinde ngilisho ligcwale umlomo leli lokuthi akwehlanga lungehli.
MAMLANDULI:	Nalokho kusengenzeka Zenyezile ndodakazi. Phela sekukaningi uyise wabantabami lona evelelwa izehlo. Zonke njalo zisukela kuleli phupho lakhe lesiphepho elake lamhlasela ngobunye ubusuku.

ZENYEZILE	*(Uphefumulela phezulu.)* Hmm! Kanti kukhona into efana naleyo? Hhayi ngeke! Angisethembi lutho mina. Sengishiywa yigazi ngempela mame wekhaya. Phela ngokwencwadi eyaziwa ngokuthi nguNGQEQE WOKUCHAZA AMAPHUPHO. Leli phupho lesiphepho lichazwa njengelibi. Ngamafuphi nje kuthiwa lihlola ingozi nobunzima obuzokwehlela.
MAMLANDULI:	*(Ngezwi elidabukisayo.)* Wewu! Asisale sesihlanza ngedela bantabami. Lisilahlile ngempela uma kuya ngoba singenelwa imibiko enjengale.
ZENYEZILE:	Londiwe dade, uma kuya ngoba iqhawe liwile okwangempela lalala umlalela wafuthi, amehlo wonke asebheke wena lapha ekhaya ukuba ucoshe inkemba yalo njengosisi omdala phela osezokuma njengeqhawekazi phakathi kwalo muzi. Lesi sikhali sokunqoba engikhuluma ngaso ngesokubhukula ukuze uxoshe indlala lapha ekhaya ... *(aphazamiseke)*

14.1 Sasibangelwa yini isenzo sokubalisa kangaka somndeni kaMdaluli? (2)

14.2 Wayeqonde ukuthini uZenyezile uma ekhuluma ngokhumbintethe? (1)

14.3 Nikeza izehlo EZIMBILI ezehlele uMdaluli kulo mdlalo. (2)

14.4 Chaza ngesisusa sodweshu kulo mdlalo. (3)

14.5 Nikeza umehluko phakathi kukaManqina noMdaluli mayelana nokubhekana nezinkinga. (2)

14.6 Chaza ukuthi udlame lwezifiki kulo mdlalo luhambisana kanjani nodlame lwezifiki kuleli zwe. (2)

14.7 Ukuvuma kukaHeshane ukwenza umgunyathi ayewucelwe uChivenga kumveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

14.8 Ngokucabanga kwakho izingane zikaMdaluli zikukhombise kanjani ukuthi ziyawuqonda umthethosisekelo wamalungelo okuvikela abesimame kanye nezingane? (2)

14.9 Umbhali wayeqondeni ngesimo sokukhuluma esidwetshelwe esisetshenziswe esiqeshini? (2)

14.10 Yini inhloso yombhali yokusebenzisa uMdaluli ukugqamisa indikimba yodlame lwasekhaya? (2)

14.11 Umbhali walo mdlalo usisebenzise kanjani isisebenzi sezeNhlalakahle ukugqamisa indikimba yalo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

14.12 Ngabe umbhali ulisebenzise ngokuyimpumelelo yini isu lokungenisa umdlalo wakhe? (3)

[25]

NOMA

UMBUZO 15: (**UMBUZO OMUDE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Humusha isakhiwo nokwenzeka emdlalweni othi***, 'Awuwelwa uMngeni'***. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 16: (**UMBUZO OMFUSHANE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

Salimani:	*(athande ukuhwaqabala.)* Ngibona ukuthi-ke ukuze kunqandeke ukugeleza kwengelezane yegazi kuhle lolu daba keluxoxwe ibukwa le nsonge yoMngeni abelungu asebefuna uwelwe. Kungenzeka ukuba uZithulele kumbe uSomtsewu uqobo lwakhe uceba amacebo. Kungakuhle kuzwakale nephimbo lakhe uMgqabula nelabantu bami asebengakuye.
Mgqabula: Zithulele:	*(Bahlanganise amakhanda baveteze isiNgisi.)*
Mgqabula:	Kuliqiniso ukuthi ngiyaphatheka kulolu daba olukhulunywayo. Okungelona iqiniso kodwa ukuthi yimina engithe kuHulumeni ngiyayifuna le ndawo. Yebo yona ngiyayithanda. Ngiyayidinga.
Abafowabo bakaSalimani:	Hhawu! Uthini umlungu eziphikisa?
Mgqabula:	Ngcono kuphefumule omunye wabantu bami. Yibona abathi indawo yabo lena.
Umuntu 1:	Kithina kwafika induna kaSomtsewu uNgoza ehamba nobasi uMgqabula wazosazisa ukuthi uNdabazabantu wayefuna ukusibona ngosuku oluthile. Nebala thina saya-ke enkantolo eMshwathi. Ekufikeni kwethu wayehleli noNgoza owasingenisayo. UNdabazabantu nguyena owathi uVimbingwenya kumele wephucwe wena Nkosi yamaNgwazi abuyiselwe kithina nabelungu bamapulazi.
Mgqabula:	*(Amnyonkoloze kabi.)*
Salimani:	Udaba lwemingcele pho lwase luqhamuka nobani? Ngubani lona kanti oseqamba amanga osethi ukugudluka koMngeni njengoba wenzile njena ubuyela emngceleni omdala okuyiwona owawudabula wehlukanisa le ndawo esingaphesheya naleli lami? Angithi kuthiwa yinina nabelungu benu enisho kanjalo?

Umuntu 2:	Phinde Ngwazi. Bayasihlolela.
Salimani:	Pho uma kungenina pho uSomtsewu ukuthathaphi lokhu?
Umuntu 3:	Owaphawula ngodaba lwemingcele uNgoza.
Salimani:	UNgoza osecaza izwe lami?
Umuntu 3:	*(Wabheka phansi.)*
Salimani:	Wena-ke Mgqabula njengoba uvuma nje ukuthi uyathinteka kulolu daba wena ungena kanjani-ke?
Mgqabula:	Ngingena phela ngokuthi le ndawo bafuna ukuyengeza endaweni yami.
Salimani:	Endaweni yakho? Uthi bafuna obani bona? Wena awuyifuni?
Zithulele:	Musa ukusonta unkosana kanjalo ngenkulumo.
Mgqabula:	Ngisho phela bona oSomtsewu noNgoza noZithulele engamfica enabo nasekukhulumeni kwabo bemesekela.
Salimani:	Wena zinyathelo zini ozithathile ukuzama ukuba thina nawe singaqhathwa yilaba osubashilo?
Mgqabula:	Ube ungubani wena engingathatha izinyathelo nawe mina ngingumlungu?
Salimani:	Kanti uyashinga? Ubulungu lobu nibuthwele emakhanda?
Abantu bakaSalimani:	(*Bavungame baze basukume.)*

16.1 Kubangelwa yini ukuthi uSalimani esabe ukugeleza kwegazi? (2)

16.2 Yiziphi izikhundla eziphethwe yilaba balingiswa abalandelayo?

16.2.1 USomtsewu. (1)
16.2.2 UZithulele. (1)

16.3 Nikeza isizathu esabangela ukuthi Umuntu 1 akhulume ngendlela eyenza ukuthi uMgqabuli amnyonkoloze. (2)

16.4 Lo mdlalo wenzeka endaweni yasemakhaya. Chaza ukuthi abelungu bamapulazi babewufunelani lo mhlaba? (2)

16.5 Chaza ngesisusa sodweshu kulo mdlalo. (2)

16.6 Inkulumo kaMgqabula edwetshelwe kulesi siqeshana imveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

16.7 Yaba namphumela muni le mbizo eyayikwaVimbingwenya? (2)

16.8 Chaza ngesu lombhali lokusebenzisa isimo sokukhuluma esidwetshelwe enkulumeni kaSalimani. (2)

16.9 Ijaji likhombise kanjani ukuba umlamuli oqotho kulo mdlalo? (2)

16.10 Isenzo sabantu beNkosi uSalimani sokuthi bavungame baze beme ngezinyawo emva kwenkulumo kaMgqabula, sikhombisa ubudlelwane obunjani phakathi kwabo neNkosi uSalimani? Sekela impendulo yakho. (2)

16.11 Uyavumelana nokuthi uSomtsewu nguyena oqhathe abelungu bamapulazi nabantu? Sekela impendulo yakho. (2)

16.12 Wawuyokwenzenjani ukube bekunguwena inkosi uSalimani abelungu bekwephuca indawo yakho? Sekela impendulo yakho ubhekise ngokwenzeka kulo mdlalo. (3)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80